



LEAVE
NO ONE
BEHIND

ISIZULU

SIMEMO SOKWENZA UMHLABA ONGCONO

NELSON

MANDELA

SENZELA ABANTU
SENZELA UMHLABA

Leli qoqo lezingcaphuno ezivela kuNelson Mandela Foundation liyisikhumbuzo somthelela umuntu oyedwa angaba nawo emhlabeni. Le ncwajana ehlanganiswe iZizwe Ezihlangane eNingizimu Afrika ngokubambisana neNelson Mandela Foundation, ihlonipha umsebenzi weqhawe </180>elagqugquzela izizukulwane zabantu ukuba zilwele <312>ubulungisa, ukulingana kanye nomhlaba osimeme. Kula makhasi, amazwi kaMadiba avumelana Nemigomo Yokuthuthukiswa Okusimeme, anikeza ukuqonda, ugqozi, futhi akhuthaze ngamunye kithi ukuba enze umehluko emiphakathini yethu nakwamanye amazwe.



UNITED NATIONS
SOUTH AFRICA



NELSON MANDELA
FOUNDATION

Living the legacy



Kwesembozo: ©Nelson Mandela Foundation/Matthew Willman

Ngaphakathi kwesembozo: Isithombe esivela e-UN Food Garden
©UN Photo/Rick Bajornas

OKUQUKETHWE

Amazwi okubonga

4

Uhlelo olukhethekile olukhumbula umsebenzi kaNelson Mandela futhi lubungaze unyaka we-10 eshonile.

ISANDULELO

5

Umyalezo ovela eNelson Mandela Foundation nakuMqondisi We-UN eNingizimu Afrika.

Izingcaphuno zikaNelson Mandela kanye Nemigomo Yokuthuthukiswa

6

Okusimeme

UNelson Mandela wagqugquzela izizukulwane zabantu ukuba zilwele ubulungisa, ukulingana kanye nomhlaba osimeme. Kula makhasi, amazwi kaNelson Mandela avumelana Nemigomo Yokuthuthukiswa Okusimeme, anikeza ukuqonda, ugqozi, futhi akhuthaze ngamunye kithi ukuba enze umehluko emiphakathini yethu nakwamanye amazwe.

**NELSON
MANDELA
INTERNATIONAL
DAY**

TAKE ACTION! INSPIRE CHANGE!

Uhlelo olukhethekile olukhumbula umsebenzi kaNelson Mandela futhi lubungaze unyaka we-10 eshonile.

BRAGE WAS NOT THE ABSENCE OF FEAR,
"TRUMPH OVER IT". N. MANDELA

CONTINUATION

IHhovisi leZizwe Ezihlangene eGeneva lenza umcimbi wokubungaza uSuku Lomhlaba lukaNelson Mandela. Ababambiqhaza babhala imiyalezo phakathi nomcimbi.
©UN Photo/Jean Marc Ferré



Ilungelo lokuba umuntu lithathwa nsuku zonke ezigidini zabantu ngenxa yobumpofu, ukungatholakali kwezinto eziyisisekelo njengokudla, imisebenzi, amanzi nendawo yokuhlala, imfundo, ukunakekelwa kwempilo kanye nendawo enempilo.

Nelson Mandela

ISANDULELO

Bozakwethu Abathandekayo, Bangane Kanye Nani Benzi Boshintsho Abathandekayo,

Le ncwajana ihlonipha uNelson Rolihlahla Mandela, owayenguMongameli waseNingizimu Afrika, owaziwa kangcono ngelithi Madiba, ngomsebenzi lfa lakhe elihlala njalo kanye nokulwela kwakhe inkululeko nenhlalakahle yabantu. Ihlokelwe ukubonisa ukufana phakathi kwezinkulumo zakhe ezingenakulibaleka ezisikhuthaza ukuba sithathe isinyathelo kanye Nesihloko Sika-2030 Sokuthuthukiswa Okusimeme esihambisana Nemigomo Yokuthuthukiswa Okusimeme (SDGs) eyamukelwa yiZizwe Ezihlangene ngo-2015. Le ncwajana ilwela ukwenza izinkulumo zakhe ziphile (azisho ngaphambi, phakathi nangemva kweminyaka engama-27 esejele) ngoziqhathanisa nama-SDGs ahlobene njengoba sifika maphakathi nohambo lwethu esisilelayo kulo lwemigomo yabantu nomhlaba.

UMadiba wayengumuntu wokuqala ukunikezwa usuku lokumhlonipha yi-United Nations General Assembly lapho inquma ukuthi umhla ka-18 July (usuku lwakhe lokuzalwa) lube uSuku Lomhlaba lukaNelson Mandela. Njengoba kwachazwa ngokufanele yiZizwe Ezihlangene, ukubungaza usuku lokuzalwa kukaNelson Mandela “kuyisikhathi sokuba sonke sivuselele izinkolelo ezagqugquzelwa uNelson Mandela. Ukuzimisela ngokuphelele. Ukuzibophezela ngokuqinile ebulungiseni, amalungelo abantu kanye nenkululeko eyisisekelo.

Ukukholelwa ngokujulile ekulinganeni nasekuhlonishweni kwawo wonke umuntu wesifazane nowesilisa. Ukuxoxa njalo nokuba nobumbano phakathi kwabantu abahlukahlukene.” Isihloko sangonyaka odlule kanye nalo nyaka sokubungazwa koSuku LukaMandela esithi, “Isimo Sezulu, Ukudla Kanye Nobumbano,” siqokomisa izinselele ezinkulu zokushintsha kwesimo sezulu, ubumpofu kanye nokungalingani.

Ngokubambisana neNelson Mandela Foundation, i-UN ihlose ukufaka isandla ngendlela engashiyi muntu ngemuva kuhlanganise ukuncishiswa kobumpofu, ukuncishiswa kokungalingani, ukudalwa kwamathuba omsebenzi kanye nokuhweba, ubuholi obuphumelelayo, ukukhiqizwa nokusetshenziswa kwemikhiqizo ngendlela esimeme, ukuzivumelanisa noshintsho lwesimo sezulu kanye nokunciphisa imbangela, ukunakekelwa kwemfucuzo, ukushintsha umthombo wamandla ngendlela ezuzisayo kanye nokushintsha amasistimu okudla.

Njengoba sicabanga ngamazwi nezenzo zikaNelson Mandela ngaphambi, phakathi nangemva kweNgqungquthela Ye-2030 SDG (18-19 Septhemba phakathi ne-UN General Assembly eNew York), masikhumbule amandla sonke esinawo okwenza umehluko, njengoba asho kufanele, “kusezandleni zakho”. Ngokulingisa isibonelo sikaMadiba nangokuvumelanisa imizamo yethu neye-SDG, singakwazi ukwakha umhlaba osimeme, onobulungisa, olinganayo nobandakanya wonke umuntu. Masihloniphe umsebenzi kaNelson Mandela ngokusebenzisa amazwi akhe futhi silwele ukwakhela wonke umuntu ikusasa eliqhakazile.



UNelson Muffuh,
uMqondisi WeZizwe
Ezihlangene
eNingizimu Afrika



UVerne Harris,
Obambe Umphathi
Omkhulu i-Nelson
Mandela Foundation

UQEDA UBUMPOFU NGAZO ZONKE IZINHLOBO YONKE INDAWO



Njengoba kunjalo ngobugqila nobandlululo, ubumpofu abuyona into engokwemvelo. Benziwe umuntu futhi bunganqotshwa [...] **ukunqoba ubandlululo** akusona isenzo somusa. Kuyisenzo **sobulungisa**.

Nelson Mandela



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Nikela ngezinto ongazisebenzisi. Izinhlango zasendaweni ezisiza abampofu zizodlulisela izingubo zakho, izincwadi kanye nefenisha engagugile kakhulu kwabanye abantu.**
- **Thola inhlango esiza abampofu ofuna ukuyisiza. Noma yimiphi iminikelo, emikhulu nemincane, ingawenza umehluko.**
- **Ubumpofu busaphikelela kuwo wonke amazwe. Abantu abangaphezu kuka-8% emhlabeni baphila ngaphansi kobumpofu obukhulu. Lekelela ngezwi lakho ukuze ulwe nobumpofu obukhulu.**
- **Sekela amabhizinisi kanye nosomabhizinisi basendaweni. Ngokukhetha ukuthenga emabhizinisini asendaweni ungalekelela ekufukulweni komnotho nasekuncishisweni kobumpofu.**




**UKUQEDA INDLALA,
UKUBA NOKUDLA
OKWANELE KANYE
NOKWANDISA
UKUDLA
OKUNOMSOCO
KANYE NEZOLIMO
UMLIMI NOMFUYYI**



**Inkululeko ayisho lutho uma abantu
bengakwazi ukwanelisa ithumbu**

Nelson Mandela



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Zama ukutshala okunye kokudla kwakho noma ube nengadi ekhaya lakho, esikoleni noma emphakathi.**
- **Ungashi ukudla. Faka izithelo nemifino kanye nokudla okusele esiqandisini.**
- **Nikeza abantu abaswele kanye nabasebunzimeni ukudla okusele ukudlekayo.**
- **Yidla ukudla okuqukethe zonke izakhamzimba. Imboni ekhiqiza inyama inomthelela omkhulu emvelweni.**
- **Thenga ukudla okukhiqizwa endaweni nokuvunwe kuleso sikhathi sonyaka.**



QINISEKISA UKUPHILA OKUNEMPILO FUTHI UGQUGQUZELE INHLALAKAHLE KUBO BONKE UBUDALA



Bengilokhu ngikholelwa ukuthi **ukuzivocavoca kusemqoka hhayi nje** empilweni yomzimba kodwa **nasekuthuleni** kwengqondo.

Nelson Mandela

3 GOOD HEALTH
AND WELL-BEING



2 ZERO
HUNGER



8 DECENT WORK
ECONOMIC GROWTH



14 LIFE
BELOW WATER





INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- Yidla izithelo nemifino futhi uzivocavoce njalo ukuze uhlale.
- Goma kanye nezingane zakho. Ukuvikela umndeni wakho ezifweni kuphinde kusize impilo yomphakathi.
- Nikela ngegazi lakho ukuze usindise ukuphila.
- Zifake ohlwini lwabantu abanikela ngamalungu omzimba kanye nezicubu ezweni lakini.
- Zivocavoce njalo! Zama ukuzivocavoca noma ubandakanyeke kwezemidlalo njalo.
- Thola inhlangotho esiza abampofu ofuna ukuyisiza. Okuncane okwenzayo kwenza umehluko.

Ukusiza Imiphakathi: Abafundi baKwadukathole Comprehensive School eLokishi laseKathlehong, eJohannesburg, basekela i-SDG 3 ngoSuku Lomhlaba Lwababaleki bebonisa ubunye nekhono eFreedom Park, eNingizimu Afrika.

©UN South Africa/Ropafadzo Chiradza

QINISEKISA IMFUNDO EBANDAKANYA WONKE UMUNTU NELINGANAYO FUTH UGQUGQUZELE AMATHUBA OKUFUNDA KOKUPHILA KONKE KUBO BONKE

4 QUALITY
EDUCATION



Imfundo iyinjini enkulu yokuzithuthukisa komuntu. Imfundo eyenza indodakazi yomlimi ibe udokotela, eyenza indodana yomuntu osebenza emayini ibe umphathi wemayini, eyenza ingane yesisebenzi sasepulazini ibe umongameli wezwe elikhulu. Into eyenza umuntu ahlukwe kwabanye akuyona into ayinikiwe kodwa yindlela asebenzisa ngayo lokho akunikiwe.

Nelson Mandela





INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Qeqesha intsha. Ungaqeqesha intsha futhi uyisize ngomsebenzi wesikole owenziwa ekhaya, uyifundise ulimi noma uyifundise Ngemigomo Yomhlaba.**
- **Vakashela isikole sasendaweni futhi ubuze ukuthi yiziphi izinto ezidingwa yisikole. Qala umkhankaso wokuxhasa isikole ngezinto ezisidingayo emphakathini wangakini.**
- **Uma unezimali, xhasa imfundo yengane.**
- **Nikela ngezincwadi ezisetshenziwe. Indlela elula yokuhlinzeka ngemfundo ukupha othile izincwadi zakho ezisetshenziwe.**

Amantombazane asesikoleni saseYomelela Primary School eKhayelitsha, elokishi elikhulu elingakahlelwa kahle eCape Town eNingizimu Afrika.
©UN Women/Karin Schermbrucker

FINYELELA UKULINGANA NGOKOBULILI FUTHI USIZE BONKE ABESIFAZANE NAMANTOMBAZANE



Inkululeko ngeke ifinyelelwe ngaphandle uma **abesifazane bekhululiwe kuzo zonke izinhlobo zokucindezelwa.**

Nelson Mandela





INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Qaphela imibono eyiphutha ngabantu bobulili obuhlukile. Yibone, uyigweme futhi ufundise abanye ngayo.**
- **Thola abaqeqeshi/abaholi abangabesifazane. Qinisekisa ukuthi abanye babantu abayisibonelo sakho noma abakuqeqeshayo ngabesifazane.**
- **Qeda zonke izinhlobo zokubandlululwa kwabantu besifazane kanye namantombazane ngokuphatha bonke abantu ngokulinganayo kungakhathaliseki ubulili babo.**
- **Melana nokuhlukunyezwa kwabantu. Noma nini lapho ubona othile ehlukenyezwa, kungaba semsebenzini, emgwaqeni, ekhaya noma ku-inthanethi, khuluma ngokumelene nakho.**

ENingizimu Afrika abagcini bokuthula abangabesifazane babandakanyeka ekuqoqeni imininingwane ebalulekile nasekugcineni indawo iphephile lapho benza umsebenzi wokuqala eDemocratic Republic of the Congo, okufaka isandla Ekugcineni Kokuthula Kwe-UN nokuthuthukisa i-SDG 5: Ukulingana Ngokobulili. ©UN Photo/Michael Ali

**QINISEKISA
UKUTHOLAKALA
NOKUNAKEKELWA
NGENDLELA ESIMEME
KWAMANZI NOKUTHUTHWA
KWENDLE KUBO BONKE**

6

**CLEAN WATER
AND SANITATION**



Kuzo wonke umhlaba, amanzi abhekwa
njengayigugu njengakho ukuphila.

Nelson Mandela



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- Qongelela amanzi emvula ngethange amanzi.
- Bandakanya wonke umphakathi wangakini ukuba uhlanze umfula wasendaweni, ugu lolwandle noma ulwandle.
- Qwashisa ngezinkinga zenhlanzeko emphakathini wangakini usebenzisa izinkundla zokuxhumana noma ukhulume ngokoqobo.
- Ungawasebenzisi ngokweqile amanzi.
- Qinisekisa ukuthi uwuvula kahle umpompi lapho ugeza izitsha, futhi usebenzise ishawa emfushane.
- Ukugeza endishini kudinga amanzi amaningi kuneshawa yemizuzu emi-5 kuya kweyi-10.
- Vikela imithombo yamanzi ngokunciphisa ukugcola kanye nokulahlwa kwemfucuzo.

UNelson Muffuh, uMqondisi we-UN eNingizimu Afrika, esiteshini se-UNICEF sokugeza izandla phakathi nokuvakasha kwe-UN esibhedlela saseKanana eHammankraal, eNingizimu Afrika, phakathi nokubheduka kwe-cholera.
©UN South Africa/Ropafadzo Chiradza



**QINISEKISA
UKUFINYELELEKA
KUKAGESI ONGABIZI,
ONGATHENJWA, OSIMEME
KANYE NOWAMANJE
KUBO BONKE**

7 AFFORDABLE AND
CLEAN ENERGY



Nakuba umhlaba uye wathuthuka ekhulwini lamashumi amabili eminyaka, ukuphila kwabantu abaningi kusakhungethwe **ubumpofu, udlame, indlala, izifo kanye nokonakaliswa kwemvelo.**

Nelson Mandela



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- Cisha amalambu lapho ungawasebenzisi – wonge ugesi.
- Thenga izinto ongakwazi ukuzishaja kabusha. Ungathengi noma usebenzise amabhethri asetshenziswa kanye.
- Sebenzisa imithombo yamanje ye-solar. Faka amaphaneli e-solar ekhaya lakho ukuze ufudumeze noma ukhanyise.

I-wind-solar hybrid mini-grid emphakathini wase-Upper Blinkwater (Eastern Cape) eyasungulwa yi-UNDP ngohlelo lwe-South African Wind Energy Programme.
©UNDP South Africa

**THUTHUKISA UKUKHULA
KOMNOTHO,
OKUBANDAKANYO
NOKUSIMEME,
UKUQASHWA KWABANTU
OKUPHELELE KANYE
NOMSEBENZI
OHLONIPHEKILE
WABO BONKE**

8 DECENT WORK AND
ECONOMIC GROWTH



**Kusezandleni zakho ukuba wakhe umhlaba
ogcono wabo bonke abahlala kuwo.**

Nelson Mandela



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Yazi amalungelo akho emsebenzini.
Ukuze ufinyelele ubulungisa, ukwazi lokho okufanele ukuthole kuzohamba ibanga elide.**
- **Thenga okukhiqizwe endaweni.
Sekela ukukhula kweminoto yasendaweni ngokukhetha ukuthenga kubakhiqizi nasemabhizinisini asendaweni.**
- **Hlela uhlelo lokuqeqesha abanye.
Mema abantu abanesipiliyoni emikhakheni ethile ukuba basungule iqembu lokuqeqesha elizosiza abantu abasebasha ukuba balungiselele imisebenzi abazoyenza kusasa.**



**YAKHA INQALASIZINDA
EQINILE,
UTHUTHUKISE
UKWAKHIWA
KWEZIMBONI
FUTHI YAKHE OKUSHA**



**Kudingeka sise ekwakheni ingqalasizinda
ukuze i-Afrika ikwazi ukusebenzisa amathuba
futhi inikwe ithuba elifanele **lokuncintisana
emnothweni womhlaba****

Nelson Mandela

9 INDUSTRY, INNOVATION
AND INFRASTRUCTURE





INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- Tshala izimali engqalasizindeni ehlanzekile nesimeme. Ukuphela kwendlela yokugcina izisebenzi ziphephile ukuvikela imvelo.
- Hlela futhi ubambe iqhaza emncintiswaneni we-Think Tank. Ungagqugquzela uthando lwakho nolozakwenu lokuhweba ngokuhlela umncintiswano wamasu kanye nokumema izinkampani noma amabhizinisi asafufusa ukuze kuqeqeshwe abaphumelele.
- Sungula imephu ye-hotspot. Kukhona izindawo zomphakathi ezihlukahlukene ezine-Wi-Fi yamahhala. Ngokwenza imephu yazo endaweni yangakini kanye nokusabalalisa ulwazi ngenkundla yokuxhumana, amapheshaya noma izaziso ungasiza abantu abantu abengeziwe bangene ku-inthanethi futhi kuvalwe igebe lobuchwepheshe.

NCIPHISA UKUNGALINGANI EMAZWENI OMHLABA



Uma nje **ubumpofu, ukungabi nabulungisa, kanye nokungalingani okukhulu** kusaqhubeka emhlabeni wethu, akekho kithi ongaphumula.

Nelson Mandela





INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Vakashela izindawo zokukhoselisa, izindawo okuhlala kuzo izintandane noma izikhungo ezincane zomphakathi futhi uhlele indawo yokubamba izingxoxo ukuze nidingide ngokubaluleka kwala malungelo noma uvolontiye lapho njalo.**
- **Khetha izinkampani ezibandakanya wonke umuntu. Hlola izinhlu zezinkampani ezibandakanya abambalwa ngokuqasha noma ngemikhiqizo yazo.**
- **Sekela abafuduki nababaleki emiphakathini yakho. Volontiya ekamu lasendaweni lababaleki. Qoqa noma unikele ngemishini, ukudla nezigubo zokugqoka ezidingekayo.**


YENZA AMADOLOBHA NEZINDAWO OKUHLALA KUZO ABANTU ZIBANDAKANYE WONKE UMUNTU, ZIPHEPHE, ZIQINE FUTHI ZISIMAME



**Ukukhathalela abanye ekuphileni kwethu
ngabanye noma njengemiphakathi
kuzohamba ibanga elide ekwenzeni
umhlaba ube yindawo engcono
esiphupha ngayo.**

Nelson Mandela

11 SUSTAINABLE CITIES
AND COMMUNITIES



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- Thenga, udle futhi uphuze endaweni. Sekela amabhizinisi asendaweni agcina abantu benemisebenzi futhi ajikelezisa imani emphakathini wangakini.
- Sebenzisa ilungelo lakho lokukhetha abaholi emphakathini wasendaweni. Zinakekele izindawo zomphakathi.
- Qala ngawe bese ugqugquzela nabanye ukuba bafake isandla ekuphuculeni izindawo zomphakathi – nisela utshani, ubugunde, utshale izihlahla, ulungise izindawo zemidlalo kanye nezokudlala, uhlele ukuhlanzwa kwendawo.

Ukusiza Imiphakathi:

Indawo enhle ebonisa ukwakhiwa kwedolobha elibandakanya wonke umuntu, eliphephile, eliqinile nelisememe elizungeze i-Unions Buildings ePretoria, eNingizimu Afrika.
©UN South Africa Photo/Nombulelo Malinga

Ngezansi:

I-UN INingizimu Afrika ivakashela iLokishi laseMamelodi ePretoria ukuze ihlole umonakalo emphakathi futhi inikeze usizo emiphakathini ethintwe yizikhukhula.
©UN South Africa Photo/Eunice Namugwe

**QINISEKISA
UKUKHIQIZWA
NOKUSETSHENZISWA
KWEMIKHIQIZO
NGENDLELA ESIMEME**

12 RESPONSIBLE
CONSUMPTION
AND PRODUCTION



Ikusasa elisimeme labantu **lincike kakhulu** ekuphatheni kahle imvelo **kunanoma yini enye.**

Nelson Mandela



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Khetha imikhiqizo esebenziseka kaningi. Sebenzisa izikhwama ze-eco lapho uyothenga, amabhodlela amanzi asebenziseka kaningi noma inkomishi ukuze unciphise imfucuza yepulastiki.**
- **Qaphela isikhwama okufakwa kuso izinto – kungcono sibe sincane!**
- **Yenza ucwaningo futhi uthenge ezinkampanini owaziyo ukuthi zinezinqubo zokusimama futhi aziyilimazi imvelo.**
- **Thenga izinto ezike zasetshenziswa noma nini lapho ukwazi.**


**THATHA
ISINYATHELO
NGOKUSHESHA
UKUZE ULWE
NOKUSHINTSHA
KWESIMO SEZULU
NOMTHELELA WAKO**



**Masibambane ukuze senze umhlaba
wethu ube umthombo ofanele
wekusasa elisimeme njengesintu
esikulo mhlaba.**

Nelson Mandela

13 CLIMATE
ACTION





INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- Sebenzisa ngokuphindaphindiwe amaphepha, ingilazi, izinsimbi kanye nemishini emidala.
- Thenga imikhiqizo engayilimazi imvelo. Funda okubhalwe kumaphakheji ukuze ubone ukuthi imikhiqizo ikhiqizwe ngendlela engayilimazi imvelo yini.
- Hamba ngebhayisikili, ngezinyawo noma uhambe ngento yokuthutha yomphakathi. Sebenzisa imoto lapho nihamba niyiqembu elikhulu.
- Sebenzisa imoto lapho nihamba niyiqembu elikhulu. Nciphisa umoya ongcolile. Ungabala umthelela wakho ekungcoliseni umoya futhi uthenge amakhredithi esimo sezulu ku Climate Neutral Manje.

Isisebenzi sephrojekthi ye-NFI sihlola ihlathi futhi siqoqa izintuthwane ukuze kuliwe nokushintsha kwesimo sezulu.

©UN-REDD

LONDOLOZA FUTHI USEBENZISE NGENDLELA ESIMEME IZILWANDLE KANYE NEZINTO EZITHOLAKALA OLWANDLE UKUZE KUBE NOKUTHUTHUKISWA OKUSIMEME



Ingcebo yezilwandle iyingxenye yamagugu esintu [...] uma lingekho igunya eliqondisayo noma imithetho elandelwayo, sizobhekana nezingozi ezinkulu ezilwandle ngenxa yezenzo ezifana nokulahlwa kwemfucuza enobuthi, kanye nokudoba ngokweqile noma ubugebengu bokuthumela izinto kwamanye amazwe njengokushushumbiswa kwezidakamizwa. **Imizamo yokwakha uhlelo lwezomthetho olungandelwa ezilwandle kumelwe ingahluleki.**

Nelson Mandela

14 LIFE
BELOW WATER





INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Nciphisa imfucuza – imfucuza eningi esiyikhiqizayo emhlabeni iphelela ezilwandle.**
- **Yeka ukusebenzisa izikhwama zeplastiki: Ukusebenzisa nokulahla ngendlela engafanele uplastiki kuyimbangela enkulu yokungcoliswa kwezilwandle.**
- **Bandakanya wonke umphakathi wangakini ukuba uhlanze umfula wasendaweni, ugu lolwandle noma ulwandle.**

Imfucuza kaplastiki etholakalla olwandle ingcolisa amanzi.
©UNEP

**VIKELA UBUYISELE FUTHI
UGQUGQUZELE UKUSETSHENZISWA
NGENDLELA ESIMEME KWEZINTO
EZIMILAYO, UKULAWULWA
KWAMAHLATHI NGENDLELA
ESIMEME, UKULWA KUKUNCIPHA
KWENDAWO ENEZITSHALO,
KANYE NOKUHLEHLISA
UKONAKALA KOMHLABA NEMVELO**



Izihlahla namahlathi ashabalalisw ngoba abantu bethu bebencike kuwo njengomthombo wamandla. Ngenxa yalokho, abantu namuhla bayagodola futhi bafuna ugesi ukuze bapheke, bahlanze indlu nokuze banethezeke ngoba izihlahla namahlathi kwashabalaliswa.

Nelson Mandela



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- Ungazisebenzisi izibulala-zinambuzane. Ukuze uvikele ikhwalithi yenhlabathi, ungasebenzisi amakhemikhali lapho utshala.
- Ukwenza umanyolo ngokudla okubolile kunganciphisa umthelela esimweni sezulu futhi kusize inhlabathi imunce umsoco.
- Ungayisebenzisi imikhiqizo evivinywa ezilwaneni.
- Hlela umcimbi wakho noma ujoyine okhona kakade wokuhlaza ukuze kulondolozwe impilo yemvelo endaweni yangakini.

I-UNIC Pretoria Ohlelweni Lokufundisa Abantu ngokulondolozwa kwemvelo ikanye nabafundi baseSifundazweni saseLimpopo, eNingizimu Afrika.
©UNIC Pretoria/2019/Scotch Mabhena



**KHUTHAZA IMIPHAKATHI
ENOKUTHULA NEBANDAKANYA
BONKE ABANTU FUTHI
UHLINZEKE NGOBULUNGISA
KUBO BONKE FUTHI WAKHE
IZIKHUNGO EZISEBENZA KAHLE
EZIBANDAKANYA BONKE ABANTU
KUZO ZONKE IZIGABA**



Ukuthula **akusho nje ukungabi khona kwengxabano; ukuthula kusho ukwakha** indawo wonke umuntu angachuma kuyo, kungakhathaliseki uhlanga, umbala, izinkolelo, inkolo, ubulili, isigaba, izinga, noma ezinye izimpawu zokuhluka kwabantu emphakathini.

Nelson Mandela

16 PEACE, JUSTICE
AND STRONG
INSTITUTIONS





INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- **Vota! Sebenzisa ilungelo lakho lokukhetha abaholi ezweni lakini nasemphakathini wasendaweni.**
- **Yazi amalungelo akho emsebenzini. Ukuze ufinyelele ubulungisa, ukwazi lokho okufanele ukuthole kuzohamba ibanga elide.**
- **Khuluma! Cela iziphathimandla zasemphakathini noma zikazwelonke ukuba zizibandakanye emikhankasweni engabalimazi abantu noma umhlaba.**

UMongameli Nelson Mandela owayesanda kukhethwa wethula inkulumbo yakhe yokuqala kuvulanda wehholo ledolobha.
©UN Photo/Chris Sattlberger

**QINISA IZINDLELA
ZOKUSEBENZISA
NOKUVUSELELA
UKUBAMBISANA
EMHLABENI UKUZE
KUBE
NOKUTHUTHUKISWA
OKUSIMEME**



**Amaqhawe angabantu abenza
ukuthula futhi bakhe**

Nelson Mandela

**17 PARTNERSHIPS
FOR THE GOALS**



INDLELA ONGADLALA NGAYO INDIMA YAKHO:

- Tshala izimali emabhizinisini asaqala, amancane kanye naphakathi nendawo, kanye nezinhlango ezilwela ukunamathela emithethweni ephezulu yezomnotho, inhlalo kanye nobuholi (ESG).

- Sekela ukuthunyelwa kwempahla ngokuthenga imikhiqizo evela emazweni asafufusa. Naka ilebula elithi Fair-Trade emikhiqizweni ukuze likusize ubone imikhiqizo evela kubakhiqizi basendaweni emazweni asafufusa.

- Sekela izinhlango noma amaphrojekthi alwela ukubambisana emhlabeni, njengalawo agqugquzela ukusebenzisana kwamazwe ahlukile, ukwabelana ngolwazi noma ukuthuthukisa ukudluliselwa kobuchwepheshe.

- Khankasela ukuba amazwe asafufusa athole ubuchwepheshe obanele, izisebenzi, utshalomali, ukwesekwa ngokwezimali ngezinjongo zokungenelela ukuze kube nokuthuthukiswa okusimeme.

Sebenza noma uvolontiye kuma-NGO asebenzela ukufinyelela Imigomo Yomhlaba. Ungafaka isandla ngamaphrojekthi amaningi ukuze kufinyelelwe Imigomo ngo-2030.





Isembozo sangemuva ngaphakathi: H.E Matamela Cyril Ramaphosa (kwesokunxele), uMongameli weRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika, uhleka kanye noMaría Fernanda Espinosa Garcés (owesithathu uma usuka kwesokudla), uMongameli we-General Assembly yamashumi ayisikhombisa nantathu, Unobhala Jikelele u-António Guterres (owesibili uma usuka kwesokudla), kanye Nesekela Likanobhala Jikelele u-Amina Mohammed, ngemva kokuvulwa Komfanekiso kaNelson Mandela endlunkulu ye-UN eNew York. ©UN Photo

Isembozo esingemuva: UNelson Mandela, uMongameli waseRiphabhuliki yaseNingizimu Afrika ekhuluma ku-General Assembly yamashumi amahlanu nantathu. ©UN Photo/Greg Kinch



Ishicilelwe:

Yi United Nations in South Africa | 2023

Icwaningwe futhi yaklanywa:


Yi United Nations Information Centre (UNIC),
Pretoria.

XHUMANA NATHI:

United Nations South Africa,
UN House, Metro Park Building,
351 Francis Baard Street, Pretoria, South Africa
Telephone: +27 12 354 8504
I-imeyili: unic-pretoria@un.org

Silandele:

Facebook: [@UNinSouthAfrica](https://www.facebook.com/UNinSouthAfrica)
Twitter: [@UNinSouthAfrica](https://twitter.com/UNinSouthAfrica)
Instagram: [@UNinSouthAfrica](https://www.instagram.com/UNinSouthAfrica)
Website: <https://southafrica.un.org/>



“

**Ungabuki eceleni; ungangabazi.
Qaphela ukuthi umhlaba ufuna izenzo, hhayi amazwi.
Thatha isinyathelo ngesibindi futhi ube nombono.**

Nelson Mandela

